*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Kungani kunembobo obondeni?*
*(Why is there a hole in the wall?)*
Illustrated by Amy Slatem
Written by Kirsty Paxton
Designed by Danielle Botha
Edited by Catherine Deiner
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Grahamstown on 12 November 2016.

ISBN: 978-1-77632-517-7

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Kungani kunembobo obondeni?



Amy Slatem
Kirsty Paxton
Danielle Botha

ULungisa wayehlala esigodini esibizwa ngokuthi kusesiKhaleni noma eNdaweni Yomsindo.

Abanye abantu baphinde bayibize ngokuthi Imbobo-Isobondeni.



"Kungani kunembobo obondeni?" uLungisa ebuza kunina.

"Ngoba omunye wabantu basolwandle wasebenzisa ikhanda lenhlanzi enkulu ukubhoboza ubonda ukuze afinyelele kowesifazane ayemthanda," kuphendula unina.



“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.






“Kungani kunembobo obondeni?”
uLungisa ebuza kuthisha wakhe.

“Ngoba amagagasi ayeshaya edwaleni iminyaka eyizigidi, ayesenza imbobo edwaleni lechweba,” kwasho uthisha wakhe.



“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.





“Kungani kunembobo obondeni?” kwabuza uLungisa kugogo wakhe.

“Ukuze amadlozi ethu abe nentuba yokufinyelela kithi.”

“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.

“Kungani kunembobo obondeni?” kwabuza uLungisa kubabekazi wakhe.

“Iyifasitela eliya kuNkulunkulu.”

“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.





“Kungani kunembobo obondeni?” kubuza uLungisa kumngani wakhe.

“Ngoba umkhumbi waphahlazeka obondeni.”

“Kuyathakazelisa,” kwasho uLungisa.



"Kungani kunembobo obondeni?" kwabuza uLungisa kudadewabo omncane.

"Ukuze umfowethu abe lokhu eqhubeka ebuza imibuzo," kwasho yena.

ULungisa wavele wahleka.



